agriculture
& rural development

Department:
agriculture
& rural development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

# OKUQUKETHWE

1. UMlando neziNgxoxo
2. Imiphumela elindelekile yoHlelo oluyisiSekelo
3. Indlela yokwenza kanye nezidingo zohlelo lokwenza
4. Ukuxoxisana nabathintekayo
5. Izingqinamba eziveziwe
6. Amandla oMgomo wokuThuthukiswa kwezoLimo
7. Okuhlosiwe ngoMgomo weNtuthuko KwaZulu Natali
8. Izinhlelo ezihlongozwayo zoHlelo oluyisiSekelo
9. Isigungu sabeluleki
10. Imihlangano yokudingida izihloko ezahlukene engqungqutheleni

# UMLANDO NEZINGXOXO

- UmNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya sewenze izinguquko eziningi emigomweni yawo yezokuphatha kanye nasezinhlelweni zawo nosekudale ukuba kube nezinsolo zokuthi mhlawumbe uyehluleka ukufezekiza izinhloso zawo zokudlondlobalisa ezolimo esiFundazweni.
- IsiFundazwe sihlose ukusungula uhlelo olulodwa oluzoba yisisekelo sezolimo esiFundazweni noluzoba ngumhlahlandlela wokuthuthukisa umnotho nemiphakathi ekulo mkhakha ngokusebenzisa izinhlelo ezingamaqhinga acacile.
- Lezi zinhlelo kumele zilethe izinguquko kulo mkhakha ziphinde zibe yisixazululo kwizingqinamba zobubha, ukusweleka kwemisebenzi nokungalingani okuhlasele kakhulu intsha, abesifazane nabantu abaphila nokukhubazeka

agriculture & rural development
Department: agriculture & rural development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

# IMIPHUMELA ELINDELEKILE YOHLELO OLUYISISEKELO

- Ngaphezu kwalokhu, uHlelo oluyisiSekelo kumele lukwazi ukuxazulula lokhu okulandelayo:
  - Ukudala amathuba emisebenzi,
  - Ukudlondlobala okungabandlululi luphinde lube yisizinda sokuqalisa uguquko kwezolimo
  - Luhlinzeke isizinda sokubonisana sabasebenzi basemapulazini
  - Lube yisisekelo sezolimo esihambisana nesimo sezulu esiguquguqukayo kanye nentuthuko kwezobuchwepheshe
  - Lutshale izimali kwezolimo nasekuthuthukisweni kwengqalasizinda yezolimo
  - Luqhakambise luphinde lwesekele ukuhweba ngemikhiqizo yezolimo ekhiqizwa KwaZulu Natali
  - Luvumele ukuqhudelana, ukwenyuswa komthamo womkhiqizo nokukhiqiza, ukuqhakambisa amabhizinisi ezolimo ahwebayo ikakhulukazi lawo abalimi abasafufusa luphinde luqinisekise ukuthi kunomthamo wokudla owenele
  - Lunciphise ubugebengu obuhlasela amapulazi ikakhulukazi ukwebiwa kwemfuyo
  - Lakhe imboni enobumbano phakathi kwabadlala indima kuyo **(Ubudlelwano bokuqalisa intuthuko nokudlondlobala kulo mkhakha)**

agriculture
& rural development

Department:
agriculture
& rural development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

# INDLELA YOKWENZA KANYE NEZIDINGO ZOHLELO LOKWENZA

- Uhlelo lwesiFundazwe esikhundleni sohlelo lomNyango
- Ukwenza ucubungulo olujulile – okuhlanganisa neNgqungquthela
- Ukuqinisekisa ukuthi abathintekayo kuyaxoxiswana nabo bese imibono yabo ifakwe ohlelweni
- Ukusungulwa kwesiGungu saBeluleki
- Ukubamba iNgqungquthela njengesigaba sokugcina ohlelweni lokumema imibono yemiphakathi
- Ukuphothulwa nokuvunywa kohlelo

agriculture
& rural development

Department:
agriculture
& rural development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

# UKUXOXISANA NABATHINTEKAYO

- Izingxoxo ezibanzi zenziwa ngasesigabeni sokuqala sohlelo oluyilinge.
- Izingxoxo nabathintekayo zaholela ekubanjweni kweNgqungquthela eyabanjwa ngomhlaka 16 & 17 Lwezi (Novemba) 2017.
- Abathintekayo okwaxoxiswana nabo bahlanganisa iminyango kaHulumeni, amabhizinisi ezolimo, izinhlangano ezikhiqiza imikhiqizo yezolimo, izinkampani zikahulumeni, imikhandlu yomasipala kanye nabakhiqizi.

agriculture
& rural development

Department:
agriculture
& rural development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

# IZINGQINAMBA EZAVEZWA

Ngenkathi sixoxisana kwavela lokhu okulandelayo:

- Izinguquko eziqhubekayo esimweni sezombusazwe nasemigomweni
- Ukungabi nasiqiniseko ngemigomo ngenxa yokushaya ngelonwabu kohlelo lokwabiwa kabusha komhlaba
- UmNyango wezoLimo esiFundazweni awunazinzo, unezimfihlo futhi awuthembakali – ulahlekelwe isithunzi
- Ukungahlukaniswa kwemisebenzi yabalimisi nabeluleki
- Ukwehluleka ukusebenzisana phakathi kwezigaba zikahulumeni
- Umonakalo omkhulu odalwa yisimo sezulu esiguquguqukayo kanye nokusetshenziswa komhlaba wezoLimo usetshenziselwa ezinye izidingo
- Ukusweleka kokwabelana ngobuchule, ucwaningo nobuchwepheshe
- Ubugebengu
- Umkhakha ogcwele izaguga

# AMANDLA OMGOMO WOKUTHUTHUKISWA KWEZOLIMO

Ikusasa lentuthuko yomkhakha wezolimo esiFundazweni lizoncika oguqukweni nasekuqhakambisweni kwabakhiqizi abekade bengenamathuba ngaphambilini kanye nasekubandakanyweni kwabo emnothweni ongumgogodla wezoLimo ukuze kufezekiswe lokhu okulandelayo;

- Ukuqinisekisa ukuthi kunomthamo owanele wokudla wokondla iKwaZulu Natali.
- Ukwenyuswa komthamo womkhiqizo nokukhiqiza nokuqhakambisa abalimi abasafufusa
- Ukuvumela ukuqhudelana nokuqhakambisa uhwebo lwamabhizinisi ezolimo

agriculture
& rural development

Department:
agriculture
& rural development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

# OKUHLOSIWE NGOMGOMO WENTUTHUKO KWAZULU NATALI

Intuntuko kwezolimo kumele igxile kulezi zinto ezibalulekile ezilandelayo:

- **Iguqule izikhungo ezingumgogodla** kwezolimo ngenhloso yokugqugquzela ukudlondlobala kwezolimo iphinde ivule amathuba amaningi ezomnotho ngokwemikhakha yonke yabakhiqizi kuhlanganisa nokuqhakanjiswa kwamaqembu abaluliwe (awentsha, abesifazane anabaphila nokukhubazeka);

- **Ukwenyuswa komkhiqizo wokutshaliwe, imfuyo kanye neminye imikhakha yemikhiqizo ezalwa yilena** ngenhloso yokwenyusa izinga lomthamo wokudla lokuzondla ezingeni likazwelonke nokuzoholela ekukusatshalaliseni kwakho kuphinde kufinyelele emakhaya azo zonke izakhamizi ngendlela eqinisekisa ukuba zinakho futhi kuyazanelisa;

agriculture & rural development

Department: agriculture & rural development PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

# OKUHLOSIWE NGOMGOMO WENTUTHUKO KWAZULU NATALI….

- **Ukugqugquzela ukusetshenziswa ngendlela ephumelelayo komhlaba wezolimo** ngenhloso yokuwugcina noma ukuwenza ube ngongumqemane futhi ube yigugu elivuseleleka ngokwemvelo elivuleleke ngokulingana kwabadinga ukulisebenzisa nelesekela izimpilo zabantu kanye namabhizinisi ezolimo

- **Ukwandiswa komhlaba oniselwa ngenkasa** kusetshenziswa amanzi ngendlela efanelekile futhi engamosi ukugculisa izidingo zokutshaliwe nemfuyo

- **Ukuthuthukisa ukuvuleka kwamathuba ezimakethe** kubakhiqizi, ikakhulukazi abalimi abasafufusa, ngokusungula izinhlelo zokuthenga nokusabalaliswa komkhiqizo ezingcono

- **Ukuguqulwa kwemikhiqizo ngenhloso yokuyithuthukisa kwenyuswe iqophelo** ukuze ibe yimikhiqizo yezolimo esezingeni elifanele ngaphambi kokuba ithunyelwe kwizimakethe zikazwelonke nasemazweni angaphande

agriculture
& rural development
Department:
agriculture
& rural development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

# IZINHLELO EZIHLONGOZWAYO ZOHLELO OLUYISISEKELO

## Ukuguqulwa kwemikhiqizo, ibhizinisi lezolimo kanye nokwandiswa kwezimakethe

1) Ukukhuluma ngazwi linye eligqugquzela ukubambisana kuwo wonke amazinga kahulumeni nakulabo abathintekayo futhi abangumgogodla kwezolimo emikhakheni yokuguqulwa kwemikhiqizo, ebhizinisini lezolimo kanye nasezimakethe zezolimo
2) Ukugqugquzela ukuvulwa kweminyango yazimakethe
3) Ukugqugquzela izindlela zebhizinisi lezolimo ezivumela ukuqhudelana nezisebenza ngokungenazihibe futhi okuhambelana nezimakethe zesikhathi kanye namathuba aguqukayo
4) Ukuhlinzeka ngengqalasizinda eyanele kanye nezidingo eziyimithamo ngenhloso yokwesekela ukudlondlobala kwebhizinisi lezolimo kanye neminye imikhakha esekela lona (izindawo zokugcina imikhiqizo, iziqandisi, ezokuthutha, uloliwe, amatheku, ugesi, amanzi).
5) Ukuqinisekisa ukuthi ayandiswa wonke amakhono adingengayo ebhizinisini lezolimo KwaZulu Natali
6) Ukugqugquzela intsha nabesifazane ukuba bangene ebhizinisini lezolimo

# IZINHLELO EZIHLONGOZWAYO ZOHLELO OLUYISISEKELO

## Inkasa kanye nokusetshenziswa ngezinga elifanele kwamanzi kwezolimo

1) Ukuvuselelwa kwamabhizinisi ahweba ngenkasa ngokuthi kuthuthukiswe amakhono abakhiqizi benkasa
2) Ukusetshenziswa ngezinga elifanele kwamanzi ahlinzekelwe ezolimo
3) Ukwandiswa kwamathuba okuthola amanzi kubalimi abakhiqizayo abasafufusa

## Ukutholakala komhlaba wokulima kanye nokulawulwa kokusetshenziswa komhlaba

1) Ukukhonjwa nokulondolozwa komhlaba wekhethelo kwezolimo kuyo yonke imikhandlu yomasipala ngoMthetho wokuHlelwa kweMihlaba kanye nokuLawulwa kokuSetshenziswa kweMihlaba - Spatial Planning and Land Use Management Act (SPLUMA)
2) Ukugqugquzela uhlelo lokulondolozwa kwemvelo eyiligugu, ucwaningo kanye nemikhuba ethuthukisa imikhiqizo yezolimo
3) Ukugqugquzela ukukhethwa nokuhlelwa kwemihlaba yezolimo ngokubambisana kumkhandlu kamasipala ngamunye ngokuhambisana nezinhlelo zesiFundazwe nezoMasipala (Provincial and Municipal SDF and LUMS)
4) Ukusungulwa kuqaliswe uhlelo lokulawula umhlaba nolukuwusebenzisa olune ITB ngenhloso yokuthuthukisa kuphakanyiswe iqophelo lokukhiqiza, ukusetshenziswa ngendlela ephephile kanye nokulondolozwa komhlaba ononophele wezolimo
5) Ukuphatha ngokubambisana ekusetshenzisweni, ekuhleleni naselawulweni komhlaba wezolimo ment

agriculture
& rural development

Department:
agriculture
& rural development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

# IZINHLELO EZIHLONGOZWAYO ZOHLELO OLUYISISEKELO

## Ukwesekelwa kohlelo lokudla nomsoco owenele emakhaya

1) Ukusungulwa kwesiGungu seMikhakha eHlukene soKudla noMsoco oweNele esizobhekelela ukuthi kuhlelwa ndawonye futhi izinhlelo ziyasebenzelana, liqalise ukusebenza kwezinhlelo liphinde liziqaphe ukuba zisebenza ngendlela yini
2) Sandise izinhlelo zokuvikela imiphakathi kanye nezokuqinisekisa ukuthi imizamo yemiphakathi eziphilisa ngayo iyasimama
3) Sisungule izizinda zokuthuthukisa, zokulondoloza, zokuthutha nezokugcina imikhiqizo ezindaweni zemiphakathi ngenhloso yokwesekela ukutholakala kalula kokudla okunomsoco futhi okungambi eqolo
4) Siqinise imizamo yamakhaya angenamakhono okuzikhiqizela ukudla ukuze akwazi ukuzihlinzeka ngokudla okunomsoco unyaka wonke
5) Sesekele ukusungulwa nokwandiswa kwezivande zezikhungo ezisekela imizi eswele ukudla ngokubambisana nezinhlangano ezibhekelela amalungelo emiphakathi
6) Sandise isibalo semizi ehlomula ohlelweni lokunikezela ngezimbewu nangezithombo

## Ukwesekelwa nokuthuthukiswa kwabakhiqizi abasafufusa

1) Ukusungulwa kobudlelwano nezinhlelo nomkhakha ngamunye wabakhiqizi ngenhloso yokwesekela ukukhula nenzuzo yabakhiqizi abasafufusa
2) Ukufundisa kabusha nokuthuthukisa ulwazi namakhono kanye nokuhlinzekwa kosizo lwezidingo ezivela kuhulumeni ezibhekiswe kubakhiqizi abasafufusa njengoba bengamakhasimende asemqoka
3) Ukusungula izingqalasizinda ezifanele ezivuleleke kubo bonke abakhiqizi ezindaweni ezifanele kanjalo nobuchwepheshe, izinsizakusebenza kanye nokuhlinzekwa kwezidingo kubalimi abasafufusa
4) Ukugqugquzela ukuvulwa kwezimakethe ezisimamayo emiphakathini, kuzwelonke kanjalo nasezingeni lomhlaba
5) Ukusungulwa nokuqalisa ukusebenzisa izindlela ezinobuchule zoxhaso lwezimali ngenhloso yokwandisa amandla abakhiqizi okuthola usizo lwezimali olwanele, olungenazihibe noluhambelana nezidingo zabo
6) Ukwandisa isibalo sentsha nabesifazane abangabakhiqizi futhi abangabanini bamabhizinisi ezolimo
7) Ukuhlinzeka isizinda sesiFundazwe socwaningo, sentuthuko eseqophelweni eliphezulu kanye nokusungulwa kwamaqhinga amasha esingafukamela siphinde sikhulise ulwazi namakhono abakhiqizi abasafufusa kanye namabhizinisi ezolimo

# IZINHLELO EZIHLONGOZWAYO ZOHLELO OLUYISISEKELO

## Ukulethwa koguquko nokwandiswa kwemikhiqizo yabakhiqizi abasezingeni labahwebi

1) Ukwesekelwa kwabakhiqizi abasezingeni labahwebi ngenhloso yokuthuthukisa umkhiqizo ukuze kwande ezingeni likazwelonke imithamo yemikhiqizo engukudla kwansukuzonke kanye nemikhiqizo echuma ngokwezifundazwe futhi enethuba lokusibeka eqhulwini lomqhudelwano wohwebo
2) Ukusungula nokugcina uhla lwabakhiqizi emkhakheni wezolimo, amahlathi kanye nezinhlanzi KwaZulu Natali
3) Ukusungula ubudlelwano nezinhlelo nomkhakha womkhiqizo ngamunye onezinhloso namaqhinga oguquko acacile ahambelana nezinjongo zeBEE
4) Ukusungula nokuqalisa ukusebenzisa izinhlelo ezithuthukisa amakhono kwezolimo nezikhulisa amakhono nolwazi lwabasebenzi basemapulazini
5) Ukwandisa isibalo sentsha nabesifazane abangabakhiqizi futhi abangabanini bamabhizinisi ezolimo

## Ukutholakala koxhaso lwezimali

1) Ukugqugquzela ukuhlinzekwa kosizo lwezimali olwanele, olungenazihibe noluhambelana nezidingo zabakhiqizi kanye namabhizinisi

## Ucwaningo nokuthuthukiswa kobuchwepheshe

1) Ukuhlinzeka nokwesekela izizinda zesiFundazwe zocwaningo nentuthuko ezigxile ekusunguleni nasekuthuthukiseni okuseqophelweni eliphezulu kanye nokusungulwa kwamaqhinga amasha

# IZINHLELO EZIHLONGOZWAYO ZOHLELO OLUYISISEKELO

## Isimo sezulu esiguquguqukayo kanye nokuphathwa kwemvelo eyigugu

1) Ukwakha umkhakha wezolimo onolwazi, oguquka nezikhathi futhi olungiselelwe ukukwazi ukumelana nengcindezi yesimo sezulu esiguquguqukayo
2) Ukunciphisa ukudicileleka phansi komhlaba nokuqhakambisa ukuvuselela kabusha komhlaba
3) Ukuvikela umhlaba wezoLimo ononophele ekutheni usetshenziselwe ezinye izidingo ezingezona ezolimo
4) Ukulawula ukusetshenziswa komhlaba nokuhlelwa kwawo

## Ukuthuthukiswa kwengqalasizinda ezokhulisa umkhakha wezolimo

1) Ukusungula izinhlelo zemihlaba yezolimo kwimikhandlu kamasipala ngaminye ngokubambisana nangokuhambisana nezinhlelo zesiFundazwe nezoMasipala (Provincial and Municipal SDF and LUMS)
2) Ukugqugquzela ukuhlinzeka kwengqalasizinda eyanele nezidingo eziyimithamo ngokubambisana ngenhloso yokwesekela ukudlondlobala kwemikhakha esekela ukuthuthukiswa kwemikhiqizo yezolimo (izindawo zokugcina imikhiqizo, iziqandisi, ezokuthutha, uloliwe, amatheku, ugesi, amanzi).
3) Ukuvuselelwa kwenkasa ekhona

## Intsha, abesifazane kanye nabantu abaphila nokukhubazeka

1) Ukuvulela intsha amathuba emisebenzi ekuthuthukisweni kwemikhiqizo yezolimo, izimakethe zezolimo nasekuthutheni imikhizo yezolimo
2) Ukuqinisekisa ukuthi ayandiswa wonke amakhono adingengayo ebhizinisini lokuthuthukisa imikhiqizo yezolimo KwaZulu Natali
3) Ukwandisa isibalo sentsha nabesifazane abangabakhiqizi futhi abangabanini bamabhizinisi ezolimo
4) Ukwesekelwa kwabakhiqizi abasafufusa nabasezingeni labahwebi ngenhloso yokuthuthukisa izinga labo lokukhiqiza

agriculture
& rural development

Department:
agriculture
& rural development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

# INHLOSO YESIGUNGU SABELULEKI

Ukuhlinzeka ngesigungu sezinjulabuchopho esinozinzo kanye nesithangami sabalingani esihlanganisa nombimbi lwezolimo sokuxoxisana, kusungulwe imigomo, amaqhinga kanye nezinhlelo ezizoholela iKwaZulu Natali ekubeni ibe nomkhakha wezoLimo ogqugquzela imikhuba yezolimo ephusile, ukudlondlobala komnotho okungabandlululi, ukudla okwanele kanye nenqubekela phambili yemiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali

## PARALLEL SESSIONS - DAY 1

**Commission 1: Izihloko okugxilwe kuzo/ Ukuthuthukiswa komkhiqizo, Ukungena ezimakethe, Izimali nezindlela zoxhaso**

Facilitators : Dr. Ngqangweni (NAMAC)
Presenter : Mr. G. Xaba ( ADAMO PIGS)
: Mr. M. Graham (Tower Uxhaso Investment)

**Commission 2: Izihloko okugxilwe kuzo/ Umhlaba okhona, Ukusetshenziswa komhlaba nokutholakala komhlaba**

Facilitators : Mr. M. Shabane ( SAFTA)
Presenter : Mr. T. Sibiya ( SAFDA)

**Commission 3 : Izihloko okugxilwe kuzo/ Abasebenzi basepulazini nabahlala emapulazini**

Facilitator : Mr. M. Parks ( COSATU)
Presenter : Mr. S. Sithole ( AFRA)

**Commission 4:Izihloko okugxilwe kuzo / Uguquko kwezolimo (Intsha, abesifazane & nabakhubazekile kwezolimo nokuthuthukiswa kwemiphakathi yaseMakhaya)**

Facilitator : Prof. Q. Mkhabela ( Office of the Premier)
Presenter : Ms. L. Mkhonza ( UN)

**Commission 5:Izihloko okugxilwe kuzo / Ukuqeqesha nokuthuthukisa amakhono, ucwaningo nentuthuko**

Facilitator : Mr. G. Mamabolo (AGRI-SETA)
Presenter : Prof. P. Kutame (UNIZULU)

**Commission 6:Izihloko okugxilwe kuzo / Inkasa & nokuthuthukiswa kwengqalasizinda**

Facilitator : Mr. Mosiwa ( UKZN)
Presenter : Prof. S. Worth (UKZN HYDROLOGY)

**Commission 7: Izihloko okugxilwe kuzo/ Ukudla okwanele okunomsoco, izindlela zokwesekela abalimi abasafufusa**

Facilitator : Prof. A. Modi ( UKZN)

